Rulumeni ukub'ake lelo blurwe elidingekayo kakulu ngokubani umfula umkulu, unengozi kakulu.

U Mr. Haden wati lesi kakusiso isikati esinhle okucabanga ngokwakiwa kwamablorwe njengokubanis imali eningi ingeko manje: kodwa wati, u Rulumeni uzakulicabanga lelo lizwi.

U Sir John Robinson wati, u Rulumeni kuncane kakulu akwenzela abantu abake ngaselwandhle, nokuti lowo msebenzi ngawu kade wenziwa.

U Mr. Archibald wati, sekuyiminyaka eyi 10 seloku kwatiwa kayiko imali, pezu kwaloku ining'imali ecitelwa pezu kweminye imisebenzi, uyetemba ukuba u Rulumeni uzakuba namandhla okwenza lowo msebenzi.

*Isicelo leso samukelwa.*

## Izimpendulo Kubabahli.

William Ndimande.—Asinakuyingenisa incwadi yako; ngokuba ulobe epepeni elilula, wayiloba inhlangoti zombili futi zepepa, ngako-ke kulukuni ukuyifunda. Wena kanye nabanye anokumbula ukuba nilobe luhlangotini lunye kupela.

J. Radebe.—Qa, asikayamukeli imali yako yalonyaka.

J. B. Vuzi.—Uma usitshela lapo uzakuyakuhlala kona, siyakulitumela lapo ipepa lako.

## Indali e Mgungundhlovu

*(January 15th.)*

Umbhila—4/1 to 4/4 ngekulu.
Amabele—2/11 ngekulu.
Izinkuku—1/3 to 2/4 inye.
Amadada—6/6 emabili.
Ibhotela—0/9 to 1/ ngesisindo.
Amaqanda—1/4 to 2/ nge dazini.
Izinkuni—1/3 to 1/5 ngekulu.

Siyakuzama ukuba sibe namanani ase Ndalini epepeni masonto onke—kunge lawo ase Mgungundhlovun odwa, ngitsho nawase Tekwini, nawase Mnambiti, nawase Mtshezi, nawase Newcastle, &c., nawo futi.

## ISAZISO.

Masont'onke kuyakuba kona uto oluhle lokupa umuntu ositumel'indaba enhle, edhlul'ezinye. Indaba eketiweyo pakati kwezinye izakubonakala e *Nkanyisweni*, kuti-ke, oyilobileyo, atunyelwe osheleni abayisihlanu (5/) kanyekanye.

IMITETO.

Labo abafun'ukulinga batole le'nto (i prize) mabatume izindaba zabo ku Rev. F. J. Greene e St. Alban's College, futi ngabezituma ngo Msombuluko nce zibe kona lapa Umgqibelo ungakafiki.

Izindaba mazilotshwe cala linye kwepepa.

Abanqamuli be prize bayakuketa indaba eyakutandwa iningi labantu.

Igama lalowo otuma indaba, kanye nendawo ake kuyo mayilotshwe kahle pansi kwayo indaba.

Indaba kufanele ingab'inde kakulu, fut'ingabi mfushane kakulu. Uma izinhlamvu zayo zing amaku'u a 850 kuyakuba kulungile.

Zonk'izindaba ezitunywayo kiti, sizakuzilondoloza uma sizitanda, futi sizifak'epepeni, uma sifuna, kati umnikaziyo etol'uto ngayo, kati engalutolile.

## IZINCWADI.

*Umhleli ka vumelani ngazo zonke izikati nezincwadi ezitunyelwa kuleli pepa.*

*(Ku Mhleli we Nkanyiso.)*

MNGANE,—Ngicela indawo epepeni lako, kengibeke amazwana ami kubo bonke abafunda lelipepa.

Madoda akiti, ngiyaninxusa ukuba kenibukisise kahle emazwini engiwafumene epepeni lokugcina (No. 40) e pejini lobune, lapa kulotshwe kona "Izaziso zika Rulumend." Kulezo zaziso kambe kukona izwi elikulu esifanele ukuba siliqonde, asiluleka ngalo u Mhleli wetu omuhle, engimbonayo ukuti uyalutanda uhlanga lwakiti. Yena kambe uyasitshela uti, "Kungaba kuhle ukuba abantu bazi kahle imiteto epuma ku Rulumende ukuba bayibambe kahle, futi babone okutiwa mabakwenze." La'mazwi ake asidabukela ngawo, madoda, aqinisile. Kuningi okudhlula singabonile, singazi luto, siqabuke sesiraqiwe ngako, njengenyamazane iraqwe yinhlatu. Ake nibheke indaba yalo'mkristu (No. 40) odhliwa izinkomo zake ngeze.

Uma seniwezwile amazwi omlungisi wepepa lenu onitandayo, ocela kulabo abatanda "ukuzwa izindaba zombuso" ukuba batumele amagama abo kuye masinyane; ngingajabula ukuba abantu bakiti bazibonele bonke ukuti nembala sinenhlanhla enkulu ngaye, nangenxa yalelipepa letu. Sengipakamisa ingalo yami, ngiti, ngingomunye walabo abazakutumela amagama abo, asiwe ku Rulumeni, sicelelwe lobo buhle nguye.

Amazwi ka W. J. Tshangana wase Bethany, no Thos. Zulu wakwa Hlatikulu, abasola ngawo inkani,



## Ama WATCH! Ama WATCH!!

# J. SULLIVAN,

## WATCHMAKER,

*E CHURCH STREET, MALUNGA NEZITOMBE EZIMHLOPE ZAMATSHE,*

UYATENGISA NGAMAWATCH KALOKU AHAMBA KAHLE ALONDA ISIKATI.

*I WATCH ELINEKETANGA ELIQINILEYO, £1.*

**Izindandato zomtshado Eziyi Golide uqobo, kube 10s. inye.**

NEZINKINOPO (BROOCHES) EZENZIWE NGE MALI YE JUBILEE-KALULA IMPELA.

nokupikisana, nokudelelana, afanele ukuvunywa yibo bonke. Bacunulwa yinto engalungile.

Ngendaba yokulobola, akufanele ukuba *ukulobola* kufaniswe *nokutenga*; ukulobola kambe ngumkuba nje wobuhlobo owemiswa kuqala yilabo abangapambili. Uma bekungalotsholwanga kambe, izwe lakiti ngalikade lapenduka onondindwa. Kulungile futi ukuba intombi igane lapo kutanda kona uyise nonina, nokuba uyise nonina bavume lapo kutanda kona indodakazi yabo, njengesimemezelo sika Rulumende

Ezinkomeni eziyishumi ezimiselwe ukulobola, uyise wentombi wendisa intombi yake ngalezi'zinkomo:—

(1) Eyokwemula, (2) eyezibhoma, (3) eyodondolo, (4) eyesimbuzi, (5) eyomgodi, (6) eyobambo, ngapandhle kwenkomo yokuhlabisa umyeni mhlana ekelwayo, nempahla yokuvunulisa intombi mhlana iyakugcagca. Izinkomo kambe ezisala ngaku yise wentombi, uma sibala ngeqiniso, zintatu kupela.

Abanye abakiti bayasikalela ngako ukulobola loku. Kepa mina ngiti, ake nenze kahle, bafo wetu; lolu suku luzakuzifikela ngokwalo. Lezi zinto zonke zisabanjwe ngumhlaba wakiti otenjwa ngu Rulumende. Kuqala asiqinise ukufundiswa; lezi zinto zonke zilandele. Ngoba ukutunga isicoco yiko okusibangele lobu'bututa obungaka. AbeSutu namaXosa, abangenaso isicoco, bahlakanipile kunati. Naso-ke isicoco leso sasi yigugu kusabusa amakosi akwa Zulu; sesi yize nje namuhla.

Laba abakiti abazikipileyo emtetweni wabamnyama, akufanele ukuba badunyazwe nga'luto. Bayabaleka pela, babona utuli lwezindhlovu ezisixotshayo. Kuke kwati ngo 1875 amadoda atile ahlangana ngokuyakucela ukupatwa ngomteto ofaneleyo kwa Rulumende. Kepa u Rulumende wati akungenwe emtetweni wesi Ngisi. Sikalela izwi linye kulabo abangena emtetweni, siti yini ukuba bangangeni kanye nohlanga lwakubo, nalo lubone loko okuhle asebekubonile na? siti basishiye kanjani bengasasitshelanga na? kupela kwalo lelo.

Kodwa into enkulu pezu kwako konke, kufanele impela ukuba situmele izingane zetu ezikoleni, kona izingane zetu zingasayikubufuza lobu'bucwazicwazi buka ngiyane otunekileyo; zize zona zihambe endhleleni ekanyayo, engenawo amahlati namafu; ziti-ke lezi'zinto zonke esikala ngazo, zikanye zibe sobala.

Owako wemihla omtandayo
MAGEMA MAGWAZA.

*(Kumhleli we Nkanyiso.)*

NKOSI Mhleli we *Nkanyiso*,—ungangisiza ungifakele lamagamana. Ngiti ngiyacela kulo lonke ibandhla elifunda *Inkanyiso*, ukuti litini ngale'ndaba, loku sihlupeka kakulu e Natal, ngokukipa izinkomo eziningi ngokuganwa intombi. U Rulumeni wati asikipe izinkomo eziyishumi; kodwa abantu abavumi loko; bebiza izinto eziningi ngapandhle kwezinkomo eziyishumi; intombi iyafika, umuntu kasenaluto, usedinga aosheleni. Siyahlupeka kakulu e Natal. Into, likona izwana, ngalibona epepeni lika Nov. 6th, 1890, likulunywa u J. R. Radebe, e Deepdale, Boston, ukuti, u Rulumeni umteto waushiya kancane, ngokuba avumela abantu batate abafazi abaningi; iyo le'nto abantu bengavumi ukukolwa ku Nkulunkulu: batanda abafazi kakulu. Imina
THOMAS MNYAMANA.

*(Ku Mhleli we Nkanyiso.)*

YEBO, Mhleli we *Nkanyiso*,—Ngingati mina, Bandhla le *Nkanyiso*, ngasicela lomteto ku Rulumende, ukubane umuntu ontsundu makangamtabati umuntu omhlope; ukuba babanjiwe betandana, anikwe icala kakulu elifana nokufa; futi nakwomhlope, atole icala elifana nelontsundu, ukuba batandene labo bantu ababili. Kuti nakumuntu onge mkristu, nxa etandana nongumkristu, afumane icala elifana nokufa. Futi uhlobo lwakiti olunge makristu luyeke abafazi abaningi; babe bafazi ngabanye bonke. J. RADEBE.

*(Ku Mhleli we Nkanyiso.)*

MHLELI omuhle,—Yebo, ngingofikayo epepeni lako. Mina ngiti, nansi into embi kumakristu ukuba abe nenhlanganiso nabange makristu. Ngasicela lomteto, ukuba umkristu efunyanwa emizini yabantu ngapandhle kwesizatu, ahambiswe ebanjiwe ayiswe ecaleni, ihlaulo libe ngapezu £25 0 0. Manxa etole icala emsindweni. ahlaule kangako futi enye. Futi kulukuni ukuba u Rulumende abale abantu abangamakristu be Ramente, abashiyise abalusi babe, abafundisi. Ngipela lapo.
Mina ngingomncane PHILIP RADEBE.

## Isaziso.

*Umuntu wokuqala* oyakutolela *Inkanyiso* abantu abayishumi bokuyitata, atume amagam' abo nemali yabo ku Mhleli, uyakupiwa i watch eliqata. Kuyakuti, masinyane emva kwokuba u Mhleli atole lawo magama naleyo mali, lipume, umuntu owatumileyo abone i watch liti qata kuyo.


# IZINCWADI ZESI ZULU

EZITENGISA KWA

# P. DAVIS & SONS,

MARITZBURG & DURBAN.

DICTIONARY OF THE ZULU LANGUAGE, by Bishop Colenso, 10/6.

FIRST STEPS IN ZULU, being an Elementary Grammar of the Zulu Language, by the late Bishop Colenso. Fourth Edition, 5/0, by post 5/6.

AN EASY ZULU VOCABULARY and PHRASE BOOK, with Gramatical Notes, by Samuel Gibbs. 1/6, by post 1/8.

THE FIRST ROYAL READER, in English and Zulu, by Samuel Gibbs. 0/6, by post 0/8.

INCWADI YOKUKULEKA NJENGOKUMA KWEBANDHLA LAS' ENGLAND. Cloth, 2/0.

INCWADI YEZIFUNDO, ibalelwe izikolo Zebandhla las' England, ezis' ezweni las'Nnatal. Isahluko I 0/6, by post 0/8. Isahluko II 0/6, by post 0/8.

INDABA INDALA. The Old, Old Story. Paper Covers. 0/6, by post 0/8.

UMZIMBA OZWAYO. First Lesson in Physiology. Cloth, 2/0, by post 2/4.

INCWADI YEZIBALO E YABAFUNDISI BA SEMERIKA. Zulu Arithmetic. Cloth, 1/0, by post 1/2.

EXODUS. Zulu Translation. Cloth, 1/6, by post 1/10.

ST. LUKE. Zulu Translation. Cloth, 1/6, by post 1/10.

SAMUEL. Zulu Translation. Cloth. 2/6, by post 2/10.

GENESIS KANYE NAMAZWI OKUCANSISELA. Translation of Genesis, with Commentary. Cloth. 2/6, by post 2/10.

INCWADI YEZINDABA EZIY'INHLANGANISELA. (Medley of History and Geography.) 2nd Edition. Cloth. 2/0, by post 2/4.

INCWADI KA'BUNYANE OKUTIWA UKUHAMBA KWESIHAMBI. (Bunyan's Pilgrim's Progress.) Part I. 2/6, by post 2/10.

THE ORDER FOR MORNING AND EVENING PRAYER, LITANY, AND HOLY COMMUNION, translated into Zulu. Cloth. 1/0.

UKUDHLA KWEMIHLA KWABAKRISTU, 0/6.

AMAGAMA OKUHLABELELA, Words only, 1/0.
" " Tonic Sol-fa, 2/0.

INCWADI YESIBILI YESIKOLE, 2nd Book, 1/0.

GOSPELS—Matthew, Mark, Luke, 0/3 each.


## Imali ye "NKANYISO."

Lawa amagama abantu asebeyikokile imali yabo ye *Nkanyiso*, yalonyaka 1891. Umhleli uyababonga.

Mfanefile Kuzwayo; Joh[illegible]mu; Rev. C. Johnson; S. Langa; Jose[illegible] Kun[illegible]lo; Rev. B. Hawes; R. N. Mashaba.

## ISAZISO NGE NKANYISO.

"INKANYISO" ipuma masont'onke, ngo Mgqibelo. Ipepa litunyelwa bonk'abase Natal ngo 8/6 ngonyaka; abake ngapandhle kwe Natal bayakukipa 10/6, ngokuba kuyakubekwa ama stamp. Per Quarter (ngezinyang'ezintatu) 2/6; ngapandhle kwe Natal 3/0 ngama stamp.

Imali i nga tunyelwa ngezitampu (stamps) noma ngepepa lemali (P.O.O.)

**Ma i kokwe Kuqala**

Zonke izincwadi a zo tunyelwa kumhleli REV. F. J. GREENE, S. Alban's College, Maritzburg.

Printed and Published at St. Alban's Printing Press, Pietermaritzburg.